**Umsebenzi 1**

Uzolalela inkulumo emayelana nabantu abaqala ukufunda sebebadala.

Phendula imibuzo elandelayo ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini elifanele eliseceleni kwesitatimende ukukhombisa ukuthi **siliqiniso** noma **akusilo**.

Uzoyizwa kabili le nkulumo.

Uzonikwa ithuba lokufundisisa imibuzo kuqala.

| | | **Iqiniso** | **Akusilo** | |
|---|---|---|---|---|
| **1** | UModimo wayejwayele ukuhlala ekilasini nabazukulu bakhe. | ☐ | ☐ | [1] |
| **2** | Umsebenzi kaModimo wawungamvumeli ukuba aye esikoleni ngenkathi esemncane. | ☐ | ☐ | [1] |
| **3** | Uthisha kaModimo, uMnumzane Ibrahim, uchazwa njengomuntu okhululekile futhi onamancoko. | ☐ | ☐ | [1] |
| **4** | UModimo wayekuthola kunzima ukuqonda imibuzo ebuzwa nguthisha. | ☐ | ☐ | [1] |
| **5** | UPriscilla Sitienei wayemdala kunoKimani Ngan'ga Maruge ngesikhathi eqala esikoleni samabanga aphansi. | ☐ | ☐ | [1] |
| **6** | UKimani Ngan'ga Maruge wazibona enelungelo lokufundiswa ukufunda ngonyaka wama-2000. | ☐ | ☐ | [1] |

[Amamaki: 6]

© UCLES 2016

**Umsebenzi 2**

Lalela ingxoxo noMakhandakhanda weBhuquza Show.

Phendula umbuzo ngamunye ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini eliseceleni nempendulo ocabanga ukuthi yiyona yona, uA, B, C noma uD.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzonikezwa ithuba lokufundisisa imibuzo kuqala.

**7** UMakhandakhanda

**A** ☐ uthole umqondo wokuqala umbukiso wakhe phesheya kwezilwandle.

**B** ☐ uthole umqondo wokuqala umbukiso eNingizimu Afrika.

**C** ☐ uqhamuke nalo mqondo wombukiso ngokwakhe uqobo.

**D** ☐ uthi uhlelo lwakhe luhlukile eNingizimu Afrika. [1]

**8** Yikuphi okuyimpendulo okuyiyona yona?

**A** ☐ Umbukiso wokuhlekisa othinta uSuzy uthinta ukwenziwa kwebrayi ngaphakathi kwesaluni yakhe yezinzipho.

**B** ☐ USuzy wamane wazipholela, wanganaka ngenkathi kudlalwa ngaye.

**C** ☐ UThabani Duma ucabanga ukuthi umdlalo obhekiswe kuye wawuhlekisa kakhulu.

**D** ☐ UMakhandakhanda ucabanga ukuthi umdlalo wokubukisa owawubhekiswe kuDuma yiwo owawuhlekisa kakhulu. [1]

**9** Amasosha kaMakhandakhanda

**A** ☐ ayafaka nawo kulokho okuzohlekiswa ngakho emibukisweni.

**B** ☐ awakwazi ukuzikhethela lokho okuzohlekiswa ngakho.

**C** ☐ akhetha ukudlala ngosaziwayo kunabantu abajwayelekile.

**D** ☐ enza eminye imibukiso ngoba uMakhandakhanda uyabathemba. [1]

© UCLES 2016

**10** NgokukaMakhandakhanda, abantu baseNingizimu Afrika

| | | |
|---|---|---|
| **A** | | bayabaleka uma umdlalo wokuhlekisa ubhekiswe kubo. |
| **B** | | abakwazi ukumelana nesimo uma kuhlekiswa ngabo. |
| **C** | | bayadinwa babe nodlame uma kuhlekiswa ngabo. |
| **D** | | ukuhlekisa okubhekiswe kubo bakwamukela kahle. [1] |

**11** UMakhandakhanda

| | | |
|---|---|---|
| **A** | | angathanda ukulingisa kuSitcom eyodwa ukuze abone ukuthi kunjani kodwa akakaze athole ithuba. |
| **B** | | usenqabe kaningi izimemo ezimbizela ukulingisa kumaSitcom ngoba akawathandi. |
| **C** | | akacabangi ukuthi unekhono lokulingisa kuSitcom uncamela ukusiza ngezinye izindlela. |
| **D** | | angathanda ukulingisa kumaSitcom kodwa akacabangi ukuthi unekhono elihle. [1] |

[Amamaki: 5]

© UCLES 2016

**Umsebenzi 3**

Lalela inkulumo mpendulwano emsakazweni noCarla Thomas osiza abantu abalambile endaweni yangakubo.

Gcwalisa amanothi alahlekile ezikhaleni **ngesiZulu**.

Uzoyizwa kabili le nkulumo.

Uzonikwa ithuba lokufundisisa kahle imibuzo.

**Umbuzo 12**

**Ikhishi lokuphakela eliseceleni komgwaqo likaCarla**

Izibonelo zamaqembu abantu abamukela ukudla kwamahhala:

**1** abantu abangenamakhaya

**2** abantu abadala

**3** izingane ezihlala emgwaqweni

**4** .................................................................... [1]

**5** .................................................................... [1]

Izikhathi zokuvula: .................................................................... [1]

Uhlelo lukaCarla luthola iminikelo:

**1** amasuphamakethe

**2** .................................................................... [1]

Izizathu ezenza amasuphamakethe asize uhlelo lukaCarla lokuphakela:

**1** abafuni ukumosha ukudla

**2** .................................................................... [1]

Izindlela zokuletha imali ezilethwa ngumyeni kaCarla:

**1** umsebenzi wakhe wokuba ngumgcinimabhuku

**2** .................................................................... [1]

Izinkinga ezisanda kuvela ezibhekene nohlelo lukaCarla lokusiza:

.................................................................... [1]

Uhlelo luka Carla ngeke lamukele: .................................................................... [1]

[Amamaki: 8]

**Umsebenzi 4**

Lalela ingxoxo noThulani Zamisa, ongumlimi wamastrawberry esiFundazweni saKwaZulu-Natali bese uphendula imibuzo **ngesiZulu**.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzothola ithuba lokufunda imibuzo kuqala.

**13** Ziqu zini uMnumzane Thulani azithola eThekwini?

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................[1]

**14** Wenzani uThulani ukuthola usizo olungcono olwaluzomsiza emva kokuba nothando lokuba ngumlimi?

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................[1]

**15** Kungani uThulani nenkosikazi yakhe babengakwazi ukutshala izitshalo ezifana nomoba endaweni yabo?

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................[1]

**16** Zinto zini ezabhekwa nguThulani nomkakhe ngesikhathi benza ucwaningo mayelana nohlobo lwesitshalo ababengasitshala? Bala **okubili**.

**(i)** .......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................[1]

**(ii)** .......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................[1]

**17** Kungani uThulani akhetha ukutshala amastrawberry esikhundleni samarozi?

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................[1]

© UCLES 2016

**18** Kungani uMnumzane Nel wayecabanga ukuthi uThulani ngeke aphumelele?

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................[1]

**19** Kungani amastrawberry amaningi kaThulani adayisa esemancane, kwakhiwa ijusi onyakeni wokuqala?

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................[1]

**20** UThulani ubuchaza kanjani ubudlelwane bakhe nomphakathi aphila kuwo?

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................[1]

**21** Zinguquko zini uThulani nonkosikazi wakhe abazenza emhlabeni abawuthenga? Bala **okubili**.

**(i)** .......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................[1]

**(ii)** .......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................[1]

[Amamaki: 11]

Permission to reproduce items where third-party owned material protected by copyright is included has been sought and cleared where possible. Every reasonable effort has been made by the publisher (UCLES) to trace copyright holders, but if any items requiring clearance have unwittingly been included, the publisher will be pleased to make amends at the earliest possible opportunity.

To avoid the issue of disclosure of answer-related information to candidates, all copyright acknowledgements are reproduced online in the Cambridge International Examinations Copyright Acknowledgements Booklet. This is produced for each series of examinations and is freely available to download at www.cie.org.uk after the live examination series.

Cambridge International Examinations is part of the Cambridge Assessment Group. Cambridge Assessment is the brand name of University of Cambridge Local Examinations Syndicate (UCLES), which is itself a department of the University of Cambridge.